

# NALIBALI

## Obaba bafeza lukhulu!

Obaba badlala indima ebalulekile ekuphileni kwezingane zabo. Ubaba wengane akusho ukuthi yilowo oyizalayo kuphela kodwa nanoma yimuphi umuntu ingane ethembele kuye futhi embheka njengobaba. Ukuthuthuka kwezingane kuyaqina lapho obaba bazo benesandla esibonakalayo futhi benothando ngenhlalakahle yezingane zabo nemindeni yabo. Akukho ukuthi kunendlela okuyiyona "elungile" yokuba obaba bacebise ukuphila kwezingane zabo. Basengaba nomthelela omuhle ngisho noma bengahlali nezingane zabo.



## Dads make a difference!

Fathers play an important role in the lives of their children. The father of a child is not necessarily the biological father but any person whom the child looks to and treats as a father. Children's development is strengthened when their fathers are actively involved and interested in the well-being of their children and families. There is no "right" way for fathers to enrich the lives of their children. They can still make a positive contribution even if they do not live with their children.

### Izindlela obaba abangaxhumana ngazo nezingane zabo

- ♥ Yakha imikhuba yomndeni esiza ukwenza umuntu ukuba angazizwa elahlwe. Kungaba yizinto ezincane njengokudla isidlo ndawonye nsuku zonke noma ukwenza imisebenzi yasekhaya ndawonye ngempelasonto.
- ♥ Yiba khona! Bukela izingane zakho zidlala imidlalo, noma uhambe uyozubukela lapho zisemidlalweni yesikole. Lokhu kuzibonisa ukuthi unothando ngokuphila kwazo kanye nempumelelo yazo.
- ♥ Xoxela izingane zakho izindaba zangenkathi usalingana nazo ngeminyaka. Noma uzixoxele izindaba owawuzithanda lapho useyingane.
- ♥ Yenza isikhathi njalo sokuba nihlale ndawonye, nixoxe. Lapho ukwenza lokhu, hlala ubheke ngasenganeni yakho ukuze nikwazi ukulokhu nibhekana ngamehlo, noma nihlale nisondelane.
- ♥ Ncoma izingane zakho njalo ngezinto ezizenzayo ukuze zazi ukuthi uyaziqaphela izinto futhi uyazikhathalela.
- ♥ Bonisa izingane zakho ukuthi uyazithanda ngokuzihaga kaningi!

Ngisho nezikhathi ezincane enizichitha nindawonye zikhethekile futhi ziyanisiza ukuba nibumbane nakhe izinto enozikhumbula. Nakuba kukuhle kakhulu ukuba obaba babandakanyeke ekuphileni kwezingane zabo kusukela zisencane, akukho ukuthi sekwephuze kakhulu ukuba uxhumane nezingane zakho.


### Izinzuzo zobudlelwano obukhulu phakathi kwezingane nobaba bazo

- ☉ Kusiza izingane zizizwe zidingeka futhi ziphephile.
- ☉ Kwandisa ukuba nogqozi, ukuzethemba namakhono ezenhlalo ezinganeni.
- ☉ Izingane zenza kangcono esikoleni.
- ☉ Izingane zifunda futhi zibhala kangcono uma obaba bechitha isikhathi befunda futhi bebhala kanye nazo.

### Ways in which fathers can connect with their children

- ♥ Create family rituals that help build feelings of belonging. It can be simple things like eating a meal together every day or doing chores together on the weekend.
- ♥ Just be there! Watch your children play sport, or go to see them in the school play. This shows them that you are interested in their lives and their achievements.
- ♥ Tell your children stories about when you were their age. Or tell them the stories that you enjoyed as a child.
- ♥ Make a regular time to sit together and chat. When you're doing this, face your child so that you can maintain eye contact, or sit close together.
- ♥ Praise your children often for things that they do so that they know you notice and care.
- ♥ Show your children that you love them by giving them lots of hugs!

Even small amounts of time spent together are special and help you bond and make memories. Although it is best for fathers to be involved from early in their children's lives, it's never too late to connect with your children.



### The benefits of a close relationship between children and their fathers

- ☉ It helps children to feel loved and secure.
- ☉ It increases children's self-esteem, confidence and social skills.
- ☉ The children do better at school.
- ☉ The children read and write better when their fathers spend time reading and writing with them.

### Obaba nabo bayazuza ngokubandakanyeka ekuphileni kwezingane zabo.

- ★ Obaba baba nokuzethemba nogqozi olwengeziwe lapho bechitha isikhathi benza izinto ezakhayo nezingane zabo.
- ★ Baba nobudlelwano obungcono nezingane zabo.
- ★ Baba ngabazali abaneliseke ngokwengeziwe.



### Fathers also benefit from being involved in their children's lives

- ★ Fathers have more confidence and self-esteem when they spend time doing positive things with their children.
- ★ They have a better relationship with their children.
- ★ They experience more satisfaction as parents.



Drive your  
imagination

Gubha Usuku Lobaba  
Ngomhla Ka-19 Juni!  
Celebrate Father's Day  
on 19 June!



IT STARTS WITH  
A STORY.  
KUQALA  
NGENDABA  
EXOXWAYO.

# Izimbewu Zokufunda Nokubhala!

Izinto ezingase zenziwe zokuthuthukisa izingane ezisezincane

## Literacy Seeds!

Activities for early childhood development

Bazali abathandekayo nabanakekeli bezingane ezisezincane, le ngxenye entsha yesithasiselo seNalibali yenzelwe nina ngokukhethekile!

Lapha nizothola ulwazi namacebiso okwabelana ngemilozelo, izindaba nemidlalo eningayenza nabantwana benu nezingane ezisezincane kangokunokwenzeka. Ukukhuluma nokudlala nezingane zenu ezisezincane kuyasiza ekukhuliseni amakhono azo olimi, imicabango nokuqonda izwe elizungezile.

Dear parents and caregivers of young children, this new section of the Nalibali supplement is especially for you!

Here you will find information and tips about sharing rhymes, stories and games with your babies and young children as early in their lives as possible. Talking to and playing with your young children help to grow their language skills, imaginations and understanding of the world around them.

## Yumelani izingane zidlale!

## Let the children play!

- Izingane zithuthukisa ikhono lokucabanga ngokudlala.
- Izingane zisebenzisa ikhono lazo lokucabanga lapho zisebenzisa ibhokisi elimelela imoto njengoba ziliphusha yonke indawo phansi. Zingase zisebenzise lona lelo bhokisi selimelela isigubhu lapho zilishaya ngesipuni noma ngezandla zazo.
- Ngokudlala izingane zikwazi ukuthola izici zezinto ezizungezile. Isibonelo, zithola ukuthi yiziphi izinto eziqinile nokuthi yiziphi ezithambile, kanye nemisindo ehluahlukene eziyenzayo. Ziyafunda ukuthi izinto eziyisinyingi zizogingqika kalula kodwa eziyisikwele ngeke.
- Ngokudlala izingane zihlola izinto. Isibonelo, ziyafunda ukuthi kudingeka zixube isihlabathi namanzi angakanani ukuze inqaba yazo yesihlabathi ingabhidliki.
- Khuthaza izingane zakho ukuba zidlale ngokuzivumela ukuba zikhethe imidlalo nezinto ezizodlala ngazo.
- Zinike isikhathi esanele sokuba zizitholele izindlela zokusebenzisa izinto ezizungezile ngendlela yobuhlakani ngaphambi kokuba uzitshale okuthile.

- Okubaluleke nakakhulu, zikhuthaze futhi uzincome ngomsebenzi wazo wobuhlakani. Hlanganyela nazo emidlalweni yazo njengoba uzisiza ukuba zifunde ulimi olusha ngokudlala imidlalo yazo.

- Children develop their imaginations through play.
- Children use their imaginations when they pretend that a box is a car as they push it across the floor. They may use the same box as a drum when they beat it with a spoon or with their hands.
- Through play, children discover the characteristics of the things around them. For example, they discover which things are hard and which are soft, as well as the different sounds that they make. They learn that round shapes will roll around easily but that square shapes will not.
- Through play, children experiment. For example, they learn how much sand and water to mix together so that a sandcastle will keep its shape.
- Encourage your children to play by letting them choose activities and objects to play with.
- Give them enough time to discover ways to use the objects around them in a creative way before you suggest something.
- Most importantly, encourage and praise them for their creative work. Join in their games as you help them to learn language through their games.



Drive your imagination

# Izingoma, imilolozelo nemidlalo

Lapho izingane zisho noma zilingisa izingoma nemilolozelo noma zidlala imidlalo, kuzisiza ukuba zikhumbule amagama nezincazelo zawo. Isibonelo, imilolozelo ethile nemidlalo ifundisa izingane ukuthi izingxenye ezithile zomzimba zibizwa kanjani. Eminye imilolozelo nemidlalo ifundisa izingane indlela yokwenza izenzo ezithile njengokubonda ibhodwe noma ukugeza ubuso bazo.

- Izingoma, imilolozelo nemidlalo kuthuthukisa amakhono olimi ezingane.
- Ukwabelana ngalezi zinto nezingane zakho kwakha umuzwa wokwethembana futhi kuqinisa isibopho phakathi kwakho nengane.
- Ukucula, ukusho imilolozelo kanye nokudlala imidlalo kwenza izingane zikhululeke, ukuze kube lula ngazo ukuba zifunde.

## Iminyaka yobudala engu-4 + Age 4 years+

### Dlalani imidlalo yokusho amagama ezinto ukuze nifunde ngomzimba

Kungcono ukuma eduze nengane yakho ukuze ikwazi ukubona ukuthi yiluphi uhlangathi olungakwesobunxele nolungakwesokudla.

*Lizzy, Lizzy, bonda umdoko ... ngengalo yakho yangakwesokudla* (Nyakazisa ingalo yakho yangakwesokudla kuphela njengokungathi ubonda ibhodwe elikhulu lomdoko)

*Lizzy, Lizzy, bonda umdoko ... ngengalo yakho yangakwesobunxele* (Manje nyakazisa ingalo yakho yangakwesobunxele kuphela njengokungathi ubonda ibhodwe elikhulu lomdoko)

*Lizzy, Lizzy, bonda umdoko ... ngonyawo lwakho lwangakwesokudla* (Phakamisa unyawo lwakho lwangakwesokudla futhi ulunyakazise njengokungathi ubonda ibhodwe elikhulu lomdoko)

*Lizzy, Lizzy, bonda umdoko ngonyawo lwakho lwangakwesobunxele* (Manje phakamisa unyawo lwakho lwangakwesobunxele futhi ulunyakazise njengokungathi ubonda ibhodwe elikhulu lomdoko)

Phindaphinda lo mlolozelo.

# Songs, rhymes and games

When children say and act out songs and rhymes or play games, it helps them to remember words and their meanings. For example, some rhymes and games teach children what to call their body parts. Other rhymes and games teach children how to perform actions like stirring a pot or washing their faces.

- Songs, rhymes and games develop children's language skills.
- Sharing them with your children builds a sense of trust and strengthens the bond between you and the child.
- Singing, saying rhymes and playing games relax children, so it is easier for them to learn.

## Play call-out games to learn about the body

It is best to stand next to your child so that they can see which side is left and right.

*Lizzy, Lizzy, stir the porridge ... with your right hand* (Move only your right hand as if stirring a big pot of porridge)

*Lizzy, Lizzy, stir the porridge ... with your left hand* (Now move only your left hand as if stirring a big pot of porridge)

*Lizzy, Lizzy, stir the porridge ... with your right foot* (Lift your right foot and move it as if stirring a big pot of porridge)

*Lizzy, Lizzy, stir the porridge with your left foot.* (Now lift your left foot and move it as if stirring a big pot of porridge)

Repeat the rhyme.

## Iminyaka yobudala engu-3 + Age 3 years+

### Culani ingoma eneminyakazo ukuze nifunde ngomzimba

*Lena yindlela engigeza ngayo izandla zami, ngigeza izandla zami, ngigeza izandla zami. (Yenza izenzo zokugeza izandla zakho njengoba ucula.)*

*Lena yindlela engigeza ngayo izandla zami entathakusa.*

*Lena yindlela engigeza ngayo ubuso bami, ngigeza ubuso bami, ngigeza ubuso bami. (Yenza izenzo zokugeza ubuso bakho njengoba ucula.)*

*Lena yindlela engigeza ngayo ubuso bami entathakusa.*

Yiphindaphinde ngokuthi *Lena yindlela engigeza ngayo izinwele/izingalo/ izinyawo zami.*

## Sing a song with actions to learn about the body

*This is the way I wash my hands, wash my hands, wash my hands. (Make the actions of washing your hands as you sing.)*

*This is the way I wash my hands early in the morning.*

*This is the way I wash my face, wash my face, wash my face. (Make the actions of washing your face as you sing.)*

*This is the way I wash my face early in the morning.*

Repeat with *This is the way I wash my hair/ arms/feet.*

Cela izingane zikufundise izingoma nemilolozelo eziyaziyo. Thola imilolozelo kuwebhusayithi yethu ethi, [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

Ask children to teach you the songs and rhymes they know. Find rhymes on our website, [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



# Amahlaya kababa aweve emabi, angakubulala ngensini!

Dad's jokes  
are so lame, you  
will laugh!

"Mayebabo!" Ubaba usemoyeni wokuxoxa amahlaya. Uyazibuza ukuthi uhlale yini ulalele noma uvele ubaleke ngoba amahlaya akhe aweve emabi. Ngezinye izikhathi aba mabi kangangokuthi, umane ujahe ukuzwa elilandelayo! Asive sijahile ukukuxoxela ngawo!

"Oh no!" Dad is in the mood to tell jokes. You don't know if you should stay and listen or run away because his jokes are so lame. Sometimes they are so lame, you can't wait to hear the next one! We can't wait to share these ones with you!



Utheni u-zero kweyesishiyagalombili?

Ngicabanga ukuthi ibhande lakho liqine kakhulu.

What did the zero say to the eight?

I think your belt's too tight.



Yini eya iba manzi nakakhulu lapho ikomisa?

Yithawula.

What gets wetter the more it dries?

A towel.



Ngifuna ukukutshela ihlaya ngezokwakha, kodwa ngisalakha.

I want to tell you a joke about construction, but I'm still working on it.

Lutheni udonga kolunye?

Siyohlangana ekhoneni.

What did one wall say to the other?

I'll meet you at the corner.



Kungani uKoos axoshwa embonini kabanana?

Wayelokhu elahla abagobile!

Why did Koos get fired from the banana factory?

He kept throwing away the bent ones!



Yini izindlovu ezinayo okungekho silwane esinayo?

Yizingane zezindlovu.

What do elephants have that no other animals have?

Baby elephants.

Yini ebomvu futhi enuka njengopende oluhlaza okwesibhakabhaka?

Upende obomvu.

What's red and smells like blue paint?

Red paint.



Kungani i-flamingo iphakamisa umlenze owodwa lapho imile?

Uma iyiphakamisa yomibili, izowa.

Why does a flamingo lift one leg when it stands?

If it lifts both, it will fall down.




Yini enyangisa ukwedlula ukuthola isibungu e-aphuleni lakho?

Wukuthola uhhafu wesibungu e-aphuleni lakho.

What's worse than finding a worm in your apple?

Finding half a worm in your apple.



## Grow your own library.

Create **TWO** cut-out-and-keep books

### Octavia and the 8

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

### Look out, Luthando!

1. To make this book, use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

Look out, Luthando!



Qaphela, Luthando!  
Sue Beucher • Hilary Winburton  
• Sizomonde Ngweni

Octavia and the 8



U-Octavia nabayisi-8  
Jacqui Dunge • Julie Smith-Belton

## Khulisa ilayibrari yakho. Zenzele ezakho


izincwadi **EZIMBILI** ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

### U-Octavia nabayisi-8

1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.

### Qaphela, Luthando!

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nelesi-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa amaphepha abe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Wasonge abe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.



“Look how wet you are,” says Mama.  
 “Bheka indlela omanzi ngayo,” kusho uMama.

“Qaphela, Luthando!”  
 “Hawu!” kusho  
 uLuthando njengoba  
 enyathela ixhaphosi.

“Look out, Luthando!”  
 “Hawu!” says Luthando as he steps  
 into a puddle.

Lots more free books at [bookdash.org](http://bookdash.org)



**Get story active!**

- ★ What does Saturday sound like where you live? How is it different to Monday's sound?
- ★ What is your favourite sound, smell and taste? Draw pictures of the things that you love to hear, smell and taste.
- ★ Some people cannot see. Write a list of things that you would not be able to do if you could not see.

**Yenza indaba ihlabe umxhwele!**

- ★ UMgqibelo uzwakala njengani endaweni ohlala kuyo? Uhluke kanjani emsindweni wangoMsombuluko?
- ★ Yimuphi umsindo, iphunga nokunambitheka okuthandayo? Dweba isithombe sezinto othanda ukuzizwa, ukuzinukisa nokuzinambitha.
- ★ Abanye abantu abakwazi ukubona. Bhala uhlu lwezinto ongeke ukwazi ukuzenza uma ungase ungakwazi ukubona.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

**Look out, Luthando!**



**Qaphela, Luthando!**

Sue Boucher • Hylton Warburton  
 • Sinomonde Ngwane

**Ideas to talk about:** Luthando is very good at listening and very good at smelling, but he's not so good at looking where he is going. He walks into puddles and bumps his head. What could be the problem?

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** ULuthando uyashesha ukuzwa izinto futhi uyashesha ukuzwa amaphunga, kodwa akaboni kahle lapho ehamba khona. Uzithola esenyathela amaxhaphosi futhi engqubuza nekhanda lakhe. Yini okungenzeka ukuthi iyinkinga?



Drive your imagination



“Baba usekhaya.”  
“Wazi ngani, Luthando?”  
kubuza uSonto.

“Daddy’s home.”  
“How do you know, Luthando?”  
asks Sonto.

“Listen!” says Luthando.  
“What do you hear?” asks  
Sonto.  
“Saturday.”  
“What does Saturday sound  
like?”  
“It’s quieter than Friday,”  
says Luthando. “Everyone’s  
still sleeping.”

“Lalela!” kusho uLuthando.  
“Yini oyizwayo?” kubuza uSonto.  
“UMgqibelo.”  
“UMgqibelo uzwakala  
njengani?”  
“Uthule cwaka kunoLwesihlanu,”  
kusho uLuthando. “Bonke  
abantu basalele.”



“Look, a puddle!” says Luthando.

“Bheka, ixhaphosi!” kusho uLuthando.



**Too late!**

**Kwase kwephuzile!**



“I can smell his cooking,” says Luthando  
sniffing the air.  
“You’re also good at smelling,” Mama says.  
“Ngizalizwa iphunga lokudla akuphekayo,” kusho  
uLuthando ehogela emoyeni!  
“Uyashesha nokuzwa amaphunga,” kusho uMama.



Isithuthu sidlula  
ngokushesha.  
“Uyashesha ukuzwa  
izinto, Luthando.”

A motorbike zooms past.  
“You’re very good at hearing,  
Luthando.”

“Don’t...”

“Musa...”





“There’s no motorbike,” says Sonto, looking all around.  
 “Akukho sithuthu lapha,” kusho uSonto, eqalaza yonke indawo.




“I must fix Gogo’s gate today,” Daddy says.

“Kumele ngilungise isango likaGogo namuhla,” kusho uBaba.

“Qaphela, Luthando!”  
 “Ishuu!”  
 “Bheka lapho ohamba khona,” kusho uMama.  
 “Luthando akaboni kahle,” kusho uSonto.

“Look out, Luthando!”  
 “Ouch!”  
 “Watch where you’re walking,” Mama says.  
 “Luthando’s not so good at looking,” says Sonto.



“I see bugs and ants and spiders and bees. I see EVERYTHING now.”



“Ngibona izimbungulu nezintuthwane nezicabucabu nezinyosi. Manje sengibona YONKE INTO.”

Octavia went looking for her friends near the sea shelf – and got swept right over the edge!

In her fright, Octavia squirted out a stream of jet-black ink. All three of her hearts were beating hard, and it felt like her stomach had flipped inside out.

“Help!” she cried.

U-Octavia wayobhaka abangani bakhe eduze nonqenqema lolwandle – wazithola esekhala kakhela! Ngenxa yokwethuka, u-Octavia wakhupha uyinki omnyama bhuge. Zase zishaya ngamandla zontathu izinhliziyozo zakhe, futhi kwase kungathi isisu sakhe siphendukele ngaphandle.

“Ngisizeni bo!” kukhala yena.

She would wait for them on the edge of the shelf, gazing into the deep dark until she saw their bright colours coming out of the gloom.

One stormy day, the water was very wild.

Wayehlala ebalinda onqenqemeni lolwandle, ebuka ukujula okumnyama aze abone ukukhanya kwabo kuvela endaweni emnyama.

Ngolunye usuku olwalunesiphopho, amanzi ayenyakaza ngamandla.

This story is an adapted version of **Octavia and the 8**, published by Cadbury in partnership with Nal'ibali as part of the Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords initiative. Each story is available in the eleven official South African languages. To find out more about the Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords initiative titles, go to <https://cadbury.one/library.html>.

Le ndaba isuselwe ngobuciko oshicilelweni lwendaba ethi **U-Octavia nabayisi-8** eshicilelwe ngabakwaCadbury ngokubambisana nabakwaNal'ibali njengohlelo lwe-Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords. Indaba ngayinye iyatholakala ngezilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola kabanzi mayelana nezihloko zezincwadi zohlelo lwe-Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords yiya ku-<https://cadbury.one/library.html>.

### Get story active!

- ★ Read the story again and make a list of all the things that are found in the ocean.
- ★ Make a blank fish-shaped book or ask an adult to make it for you. Write and illustrate a story about life in the sea in the book. Or draw the pictures and ask an adult to write the words you tell them.
- ★ Paint the inside of a box blue and then create a small underwater world using shells, pebbles and sea creatures and plants that you have made from recycled materials and coloured paper.

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Phinde ufunde indaba bese wenza uhlu lwazo zonke izinto ezitholakala olwandle.
- ★ Yenza incwadi engabhalwe lutho emise okwenhlanzi noma ucele umuntu omdala akwenzele. Bhala futhi wenze umfanekiso wendaba mayelana nokuphila kwangaphansi kolwandle encwadini. Noma udwebe izithombe bese ucela umuntu omdala ukuba akubhalele lokho omtshela kona.
- ★ Penda ingaphakathi lebhokisi libe luhlaza okwesibhakabhaka bese wenza umhlaba omncane wangaphansi kwamanzi usebenzisa amasheli, amaphebhuli nezilwane zasolwandle kanye nezitshalo okwenze ezintweni ezigaywe kabusha kanye nephepha elimibalabala.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



INal'ibali lijima lephasi mazombe lokuzithabisa ngokufunda elenzelwe bona livuselele belidzimelelise isiko lokufunda kiyo yoke iSewula Afrika. Bona ufumane iminingwana eyengeziweko, vakatjhela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

## Octavia and the 8



### U-Octavia nabayisi-8


Jacqui L'Ange • Julie Smith-Belton

**Ideas to talk about:** Octavia was scared to go out further than the edge of the sea shelf. What are you scared of? What can you do to feel better when you feel scared? Please share a moment when you were scared and someone or something helped you.

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** U-Octavia wayesaba ukuya ngale kwalapho ulwandle lujule khona. Usabani? Yini ongayenza ukuze uzizwe kangcono lapho wesaba? Sicela usixoxele ngesikhathi lapho wesaba futhi kwaba nomuntu noma into ethile eyakusiza.




Drive your  
imagination




3

abayisisishiyagalombili.  
 "Ngithanda ukuba laphe ngikwazi ukubambela khona kokuthile," wathela abangani bakhe abakhulu khona phansi kakhulu, ekujuleni okumnyama. Kodwa wayaye ame laphe esefinyelele onqemene lolwandle. Le kwakuyindawo laphe ulwandle lwalushona umacashelana, ngoba abangani bakhe babengenakukwazi Lokhu kwakumenza ukuthi abe mhle kakhulu ekudlaleni because her friends could never find her!  
 This made her especially good at playing hide-and-seek, But she always stopped when she came to the sea shelf. This was where the seabed dropped away into the deep, deep dark.  
 "I like to be where I can hold on to something," she told her eight best friends.



2

Octavia the Octopus lived in the kelp forest, in the cool, clear waters on the edge of an African shore.  
 Octavia loved her garden, because she had a special trick – she could change her colour to match whatever she was resting on. She could even change her skin to look rough like stones, or spiky like coral.  
 Isilwane sasemanzini iNgwane, engu-Octavia sasihlala ehlathini lokhula lwasolwandle olubizwa ngokuthi yi-kelp, emanzini apholile, acwebile onqememeni logu lwase-Afrika.  
 U-Octavia wayeyithanda ingadi yakhe, ngoba wayeneqhinga elikhethekile – wayekwazi ukushintsha umbala uhambisane nanoma yini ayephumule kuyo. Wayekwazi nokushintsha isikhumba sakhe ukuze sibukeke sifana namatshe amahhadlahhadla, noma ikhorali ecijile.



10


9  
 wabavumela ukuthi bamhole bambuyisele engadini yakhe. wayebambe ingalo yakhe. U-Octavia wababamba wabaqinisa besuka endaweni emnyama, kanti yilowo nalowo kubona Ngamunye ngamunye, abangani bakhe babhukuda bakhuphuka caught hold of a tentacle. Octavia held on tight and let them guide her back to her garden.  
 One by one, her friends swam up out of the dark and each nge-pyama shark.  
 "Nami engingowesthathu!"  
 "Nami engingowesthathu!"  
 pyama shark.  
 "Me three!" said PJ the  
 ingalo yaso ecijile kwenye ingalo.  
 "Nami futhi!" kusho uStella i-starfish, sinamathelisa arm to another tentacle.  
 "Me too!" said Stella the starfish, attaching her pointy inkalankala enguKhalo.  
 "Ngizokusizal!" kusho  
 "I've got you!" said Khalo the crab.  
 Yayigobile futhi ibushlelezi.  
 kubambela kwenye yezingalo zakhe.  
 Emnyameni, wezwa okuthile  
 tentacles. It was curved and smooth.  
 In the dark, she felt something catch hold of one of her

When they found the perfect spot, Ray spread out his wide fins to shelter them from the storm currents, and they all cuddled up, happy to be together.  
 Bathola indawo ekahle, uRay wavula amaphiko akhe abanzi ukuze abavikele kumaza esiphepho, begonene bonke, bethokozile ndawonye.



“Look, Gogo!”  
 “You have glasses,” says Gogo, clapping her hands. “How wonderful. Tell me what you see.”

“Bheka, Gogo!”  
 “Usunezibuko,” kusho uGogo, eshaya ihlombe. “Kwaze kwakuhle. Ngitshele ukuthi yini oyibonayo.”



“Ngizwa isithuthu,” kusho uLuthando.

“I hear a motorbike,” says Luthando.

“An ice cream for anyone who helps me carry the shopping home,” Mama says. “We’ll help you, Mama,” say the children.

“Noma ubani ongisiza ukuphatha izinto zasesitolo ukuya ekhaya uzothola u-ice cream,” kusho uMama.  
 “Sizokusiza, Mama,” kusho izingane.





“What do you see, Luthando?” asks the friendly woman.  
 Luthando squeezes his eyes together. He sees black squiggles on the wall.  
 “Yini oyibonayo, Luthando?” kubuza owestifazane onobungane.  
 Uluthando uhlikihla amehlo akhe. Ubona imigqa emnyama odongen!

He looks through a pair of glasses.  
 “I see letters,” he says.  
 “Excellent!”

Uyabheka ngezibuko.  
 “Ngibona izinhlamvu zamagama,” esho.  
 “Kuhle kakhulu!”

“Look out, Luthando!”  
 “Hawu!”  
 “You’re so funny,” Sonto says.

“Qaphela, Luthando!”  
 “Hawu!”  
 “Uyahlekisa yazi,” kusho uSonto.

#myWRAD2023

# Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale 2023

# World Read-Aloud Day 2023



Siyabonga ngokusiza iNal'ibali ukuba ifundele izingane eziyizigidi ezingu-2,1!

Thank you for helping Nal'ibali read to 2,1 million children!

Unyaka ngamunye ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, iNal'ibali ikhumbuza bonke abantu abahlala eNingizimu Afrika nangaphandle kwayo mayelana nezinzuzo zokufundela izingane ngokuzwakalayo. Uye wasisiza sasakaza uthando ngezindaba nangokufunda ezinganeni ezandayo ngokwengeziwe unyaka ngamunye.

Each year on World Read-Aloud Day, Nal'ibali reminds everyone who lives in South Africa and beyond about the benefits of reading aloud to children. You've helped us spread a love of stories and reading to more and more children each year.



- ★ Kwafundelwa izingane ezingaphezu kwezigidi ezimbili.
- ★ Izingane eziningi zafundelwa emaqenjini emindeni kunasezikoleni noma kweminye imibuthano.
- ★ Abantu abangamaphesenti angu-84 abaphendula inhlolovo yethu bangathanda ukuthola izindaba ezengeziwe.
- ★ Kwafakwa izithembiso ezingu-50% kuwebhusayithi yethu, kuFacebook noma emakhasini ezingosi zakuxhumana.

Ucwangingo lubonisa ukuthi imindeni ehlanganyelayo ezinhlelweni zoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale zikwenza umkhuba ukufunda nokwabelana ngezindaba kanye nokuthi, lapho amalungu omndeni ekwazi ukufunda nokubhala, kuyasiza ukunqamula umjikelezo wenhlupheko.

Ngenxa yokubaluleka kokuba umuntu afunde ngolimi lwakhe lwasekhaya, ethi Usuku Ngalunye Luyindaba ebhalwe nguTumisang Shongwe yenziwa yatholakala ngezilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika eziyi-11 kanye nangoLimi Lwezandla LwaseNingizimu Afrika ngenxa yokusebenzisana neSLED (Sign Language Education and Development).



Because of the importance of reading in one's mother tongue, Every day's a story by Tumisang Shongwe was made available in the 11 official South African languages as well as in South African Sign Language thanks to a partnership with SLED (Sign Language Education and Development).

Research shows that families who take part in World Read-Aloud Day programmes make a habit of reading and sharing stories and that, when family members can read and write, it helps to break the cycle of poverty.



## Nakhu enikushilo... What you said...

**Eloise Gordon**

Yaze yamnandi indaba! Ngiyifunde ngokuzwakalayo e-Emmanuel Educare eWestlake nakwezinye izikole eziningi nama-educare. Kube yisenzakalo esihle kakhulu nesimnandi. Abafundi banamuhla bangabaholi bakusasa. Masiqhubekeni nomsebenzi omuhle, Team Nal'ibali Westlake.

**Eloise Gordon**

What a beautiful story! I read it aloud at Emmanuel Educare in Westlake and lots of other schools and educares. It was a wonderful and beautiful experience. Today's readers are tomorrow's leaders. Let's keep up the good work, Team Nal'ibali Westlake.

**Samke Sam Ndlovu**

Ngifundele abafundi bami ngokuzwakalayo eThamboville ECD Centre. Sithole ngisho nombila onjengalowo ababenawo epulazini.

**Samke Sam Ndlovu**

Read aloud to my students at Thamboville ECD Centre. We even found some mealies like they had on the farm.

**Neo Manene**

Yaze yamnandi indaba. Kusasa sizokwenza 'Yenza futhi Ubhake', ngoba abafundi bami bebelokhu bekhuluma ngama-scones kaGogo.

**Neo Manene**

What a beautiful story. Tomorrow will be making 'Make and bake', as my learners couldn't stop talking about Gogo's scones.

**Deborah Cockrell**

ESlovo Centre of Excellence and Toy Library. Iminyaka eyisikhombisa edlule, umkhankaso we-WRAD uye waqalisa izinhlelo zethu zekhalenda yaminyaka yonke unyaka ngamunye ... Sinibonile nikhula unyaka ngamunye futhi sinifisela impumelelo eqhubekayo njengoba sikhuthaza amakhono okufunda nokubhala engxeneni ngayinye yalelizwe elihle. Asive sizithanda izindaba, imidwebo emihle, amacebiso anikezwayo ukuze kukhuthazwe imidlalo kanye nokutholakala kwazo zonke izilimi ezisemthethweni okukhuthaza ukuhlukahuka kwabantu kanye nokuhlanganiswa kwabo bonke ngalolu suku olukhethekile.

**Deborah Cockrell**

At Slovo Centre of Excellence and Toy Library. For the past seven years, the WRAD campaign has kickstarted our programmes for the annual calendar each year ... We have seen you grow each year and wish you continued success as we encourage literacy skills in every corner of this beautiful country. We simply love the stories, the beautiful graphics, the tips given to encourage play activities and the incredible availability of all official languages encouraging diversity and inclusion on this special day.

Contact us in any of these ways: • **Sithinte** noma ngayiphi yalezi zindlela:

f nalibaliSA

@nalibaliSA

@nalibaliSA

info@nalibali.org





## Umiyane nophela



NguMadikapi Pulane Mahlasela ■ Imifanekiso nguMagriet Brink noLeo Daly

Ngobunye ubusuku obushisayo basehlobo, uphela wayezihambela kancane enqamula etafuleni lasekhishini. Wayedla izimvuthuluka zesinkwa ezazisakazwe ngumndeni etafuleni, manje owawusuzumekile wubuthongo emibhedeni yawo. Wabe esezwa umsindo. *Bzzzz, bzzzz!*

"Yini leyo?" kubuza uphela. Wabhekabheka ngapha nangapha kodwa akabonanga lutho. Wabe esephinda ewuzwa futhi. *Bzzzz, bzzzz!* "Ubani owenza lowo msindo ocasulayo?" kuhleba uphela.

"Yimina umiyane," kuphendula izwi. "Wena ungubani? Futhi kungani ukhulumela phansi kangaka?"

Uphela wabhekabheka ngapha nangapha. "Ukuphi?" ebuza. "Kumele ukuthi umncane kakhulu ngoba angikuboni. Ngithemba ukuthi uyazi ukuthi yimi ophethe lapha."

Umiyane wahlala etafuleni eduze nophela. "Nguwe ophethe?" kusho umiyane ngephimbo elibhuqayo.

Uphela akakuthandanga nhlobo lokhu. "Yimi umphathi lapha. Uma abantu bengithola ngidla ukudla kwabo, ababe besakudla. Kuba okwami, okubonisa ukuthi bayangihlonipha futhi bayangesaba," kuqhosha uphela.



Wabe esefulathela umiyane futhi waya kusinki lapho kwakukhona izitsha ezingcolile futhi waqala ukudla izinsalela ezisemapuletini.


Sonke lesi sikhathi, umiyane ubheke uphela ngokucophelela. Wabe esendiza eza eduze nekhandla likaphela, elokhu ebhuza ngaso sonke isikhathi. "Uma ungumphathi, kungani udla izinsalela zokudla kwabo?" kubuza umiyane.

Uphela washwiba umlenze wakhe wangaphambili ezama ukuxosha umiyane, kodwa umiyane wawulokhu ubhuza ngasekhanda likaphela. Ekugcineni, uphela wathi, "Ake uyeke ukwenza lowo msindo odinayo! Uma abantu besithola lapha, bazosifohloza sobabili."

"Angibesabi abantu!" kuphendula umiyane. "Ngiyabaluma futhi ngiphuze igazi labo. Uma bezama ukungifohloza, ngiyadakha futhi ngijike ngokushesha bese ngiyanyamalala. Lapho nje becabanga ukuthi sengihambile, ngiyabuya! Umsindo engiwenzayo uyabahlanyisa. Bayazimboza ngezingubo ngisho noma kushisa. Futhi lapho ngibaluma, kuba neqhubu elishoshozelayo." Umiyane wahleka isiqhazolo.

Kungazelelwe othile wakhanyisa isibani ekhishini. Indoda yaya kusinki ekhishini yafike yagcwalisa ingilazi ngamanzi empompini. Uphela wathi pheshe ngejubane wayocasha emfantwini ngemva komnyango.

Umiyane awubukekanga neze ukhathazekile. Wawulokhu wenza umsindo wawo ubhuza, undiza uya ngapha nangapha ngisho naseduze nale ndoda njengoba iphuza amanzi. Ekuqaleni, yazama ukuwuphebeza umiyane ngesandla sayo. Kodwa umiyane, waqhubeka ubhuza ngasekhanda layo. Le ndoda yacikeka nakakhulu yaze yashwiba uphaqa wayo ngokucasuka. Kodwa umiyane wamane wajikajika ngasekhanda layo ngokuzola, ulokhu ubhuza ngendlela yawo ecasulayo. Ekugcineni, le ndoda yaphonsa ithawula, yacisha isibani futhi yabuyela embhedeni.



"Ngicabanga ukuthi ngizoke ngithi ukuhlala kulo mfantu engicashe kuwo isikhashana," kucabanga uphela. "Angazi ukuthi umiyane ushonephi futhi angiqiniseki ukuthi kuphephile ukuphuma."

Futhi wayeqinisele ngokuthi aqhubeke ecashile ngoba umiyane wawundize waya ekameleni lezingane futhi wawubhuza ngasemakhanda azo. "Baba!" kumemeza enye yezingane. "Kunomiyane ekameleni lethu. Sicela uze uzosisiza."

Lokhu kwavusa wonke umndeni, futhi ngokushesha wonke umuntu wayesecinga ekameleni ngalinye ephethe imiqamelo nophaqqa, elungele ukushaya umiyane. Kodwa njalo lapho bewubona umiyane, wawuvele udakhe futhi ujike bese uyanyamalala. Lokhu kwaqhubeka isikhathi esithile, kodwa ekugcineni, abantu baphonsa ithawula. Babuyela emibhedeni futhi badonsa izingubo zabo bagubuzela emakhanda, nakuba kwakushisa bhe ukuba bazimboze.

Lapho umiyane undiza ubuyela ekhishini, uphela waphuma emfantwini akade ecashe kuwo. "Habe, Ungihlabe umxhwele," esho kumiyane. "Usanganise bonke labo bantu bagcwala yonke indawo bezama ukukubamba, kodwa bahluleka bancama."

"Ngikutshelile ukuthi angisabi muntu mina. Yisho-ke manje, ubani ocabanga ukuthi ungumphathi wangempela?" kubuza umiyane.

"Nakanjani nguwe!" kuphendula uphela. "Ungase ube mncane, kodwa ubahlulile abantu."

"Ngiyajabula ukuthi siyavumelana kulokho," kusho umiyane ngeqholo. "Kusukela manje kuqhubeka, ungangibiza uma abantu bekuhlupha."

"Ngizokubiza, ngiyabonga kakhulu," kuphendula uphela njengoba ehamba eyofuna izinsalela zokudla ezengeziwe.

Kusukela ngalolo suku, uphela nomiyane baba ngabangane abakhulu futhi basebenzisana ndawonye ukucasula abantu kangangokusemandleni!

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

★ Cabanga ngazo zonke izinambuzane ezicasula abantu: omiyane, izimpukane, amaphela kanye nanoma yiziphi ezinye ozaziyo. Yisiphi esicasula ukuzedlula zonke? Kungani ucabanga kanjalo?

★ Bhala inkondlo ngesinambuzane esisodwa noma ezengeziwe kwezingenhla. Cabanga ngendlela ezibukeka ngayo, indlela ezihamba ngayo, imisindo eziyenzayo kanye nezinto eziyenzayo ezithukuthelisa noma ezesabisa abantu.

★ Zenzele esakho isinambuzane! Dweba isinambuzane sakho. Bhala phansi ukuthi sikhulu kangakanani, yini esiyidlayo futhi senza imisindo enjani.



Drive your  
imagination



# The mosquito and the cockroach



Story  
corner

By Madikapi Pulane Mahlasela ■ Illustrations by Magriet Brink and Leo DalyThorne

One hot summer night, a cockroach walked slowly across the kitchen table. He ate the breadcrumbs strewn across the table by the family, who were now fast asleep in their beds. Then he heard a sound. *Bzzzz, bzzzz!*

"What's that?" asked the cockroach. He looked around but couldn't see anything. Then he heard it again. *Bzzzz, bzzzz!* "Who's making that irritating sound?" the cockroach whispered.

"I'm a mosquito," answered a voice. "Who are you? And why are you speaking so softly?"

The cockroach looked around. "Where are you?" he asked. "You must be very small because I can't see you. I hope you know that I am the boss here."

The mosquito landed on the table near the cockroach. "You are the boss?" said the mosquito in a mocking tone.

The cockroach did not like this at all. "I *am* the boss here. If the humans find me eating their food, they don't eat it anymore. It becomes mine, which shows that they respect and fear me," boasted the cockroach.

Then he turned his back on the mosquito and walked over to the sink where the dirty dishes were and started eating the leftovers on the plates.




All this time, the mosquito watched the cockroach very carefully. Then she flew around the cockroach's head, buzzing all the time. "If you are the boss, why do you eat their leftover food?" asked the mosquito.

The cockroach waved his front leg to try to get rid of the mosquito, but the mosquito kept buzzing around the cockroach. Eventually, the cockroach said, "Can you please stop making that horrible sound? If the humans find us, they will squash us both."

"I don't fear the humans!" answered the mosquito. "I bite them and drink their blood. When they try to squash me, I dodge and swerve and disappear. And just when they think I have gone, I come back! The noise I make drives them crazy. They cover themselves with blankets even when it is hot. And when I bite them, it makes a very itchy bump." Then the mosquito laughed and laughed.

Suddenly, someone switched on the kitchen light. A man walked to the kitchen sink and filled a glass with water from the tap. The cockroach quickly dashed into a crack behind the door to hide.



The mosquito didn't seem worried at all. She made her buzzing noise, flying here and there and all around the man as he drank the water. At first, the man tried to wave the mosquito away with his hand. But still, the mosquito buzzed around his head. The man became more and more irritated until he was waving his slipper around in a frenzy. But the mosquito calmly zigzagged around his head, buzzing her irritating buzz. In the end, the man gave up, turned off the light and went back to bed.

"I think I'll stay in my hiding place a bit longer," the cockroach thought. "I don't know where the mosquito went and I'm not sure that it is safe to come out."

And he was right to stay hidden because the mosquito had flown into the children's room and was buzzing around their heads. "Dad!" one of the children shouted. "There is a mosquito in our room. Please come and help us."

This woke the whole family, and soon everyone was searching each room with pillows and slippers, ready to swat the mosquito. But of course, every time someone saw the mosquito, it would simply dodge and swerve and disappear. This went on for some time, but eventually, the humans gave up. They went back to bed and pulled their blankets over their heads, even though it was much too hot for that.

When the mosquito flew back into the kitchen, the cockroach came out of his hiding place. "Wow, I'm impressed," he said to the mosquito. "You had all those humans running around trying to catch you, but not one of them could."

"I told you that I fear no one. Now tell me, who do you think the real boss is?" asked the mosquito.

"It is definitely you!" answered the cockroach. "You may be tiny, but you defeated the humans."

"I am glad we can agree on that," said the mosquito proudly. "From now on, you can call me if the humans give you any trouble."

"I will, thank you very much," answered the cockroach as he scuttled off to find more food scraps.

From that day on, the cockroach and the mosquito became best friends and they worked together to annoy the humans as much as they could!

## Get story active!

★ Think about all the creatures that irritate humans: mosquitos, flies, cockroaches and any others that you know. Which one is the most annoying? Why do you think so?

- ★ Write a poem about one or more of the creatures above. Think about how they look, how they move, the sounds that they make and the things that they do that annoy or frighten humans.
- ★ Make up your own insect! Draw your insect. Write down how big it is, what it eats and what sounds it makes.




# Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

## Nal'ibali fun




**1.** Thola isinambuzane esihlukile emgqeni ngamunye.  
Find the bug that is the odd one out in each row.



**2.** UPriya uthembise umfowabo omncane, uRahul, ukuthi uzomfundela. Ungamsiza yini ukuba aye kuPriya?

Priya promised her younger brother, Rahul, that she would read to him. Can you help him get to her?



**3.** Bhala kabusha izinhlamvu zamagama ukuze uthole amagama amahlanu ezilwane zasolwandle nesitshalo esisodwa zasolwandle kwethi *U-Octavia nabayisi-8*.  
Unscramble the letters to find the names of five sea creatures and one sea plant in *Octavia and the 8*.

kiklalanana \_\_\_\_\_

winnega \_\_\_\_\_

arioklih \_\_\_\_\_

kusaha \_\_\_\_\_

dlwashula loulwkane \_\_\_\_\_

frashtis \_\_\_\_\_

rcba

cuotpos

oarcl

hrska

lekp

saihfrst

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. **Sithinte** noma kungeyiphi yalezi zindlela:

Nal'ibali is here to motivate and support you. **Contact us** in any of these ways:

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Mosekola Solutions. Nal'ibali character illustrations by Rico.

**UMLAZI  
EYETHU**

**POLOKWANE  
OBSERVER**



Drive your imagination

